agriculture
& rural development

Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

IZINKUKHU ZENYAMA

GOKUBAMBISANA SESENZE ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI SABA ESINGCONO UKUPHILA KUSO

ADA

MANDI FARMING
MAKHATHINI

www.kzndard.gov.za

IZINKUKHU ZENYAMA

GOKUBAMBISANA SESENZE ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI SABA ESINGCONO UKUPHILA KUSO

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yalencwadi xhumana:
nomNyango wezoLimo nezeMvelo kwisakhiwo
sendlu emhlophe
01 Cedara Road, Cedara
Private bag X9059
Pietermaritzburg
3200
Tel: 033 343 8240
Fax: 033 343 8255
www.kzndard.gov.za

Umnyango Wezolimo Nezemveb
Departement van Landbou en Omgewngsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

UKUQALA IBHIZINISI LEZINKUKHU ZENYAMA

NGAPHAMBI KOUQALA IBHIZINISI LEZINKUKHU ZENYAMA KUFANELE UZIBUZE LEMIBUZO ELANDELAYO

Uzozidayisakuphi izinkukhu zakho futhi ngamalini? Ngabe ukhona yini omunye ozidayisayo izinkukhu endaweni yangakini na?

Uzozigcinaphi izinkukhu zakho na? Ngabe indawo efanelekile, yanele futhi ehlanzekile, namanzi kukhona?





Directorate of Agricultural Development Support Services, Quarry Centre, Hilton.

Umnyango Wezolimo Nezemvelo
Departement van Landbou en Omgewingsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

IZINDLEKO ZOKUQALA IBHIZINISI LEZINKUKHU ZENYAMA

Kungabiza malini ukulangiselela ibhizinisi lwamachwane awu 100?

Izinto zokwakha.....R_____
Izinto zokubiya.....R_____
Amathuluzi adingekayo.....R_____
Imali yokuholela abasebenzi yokubiya..R_____
Imali yokuholela abasebenzi yokwakha..R_____
Isamba.....R_____

Kungabiza malini ukukhulisa izinkukhu eziwu 100?

Ezinosuku olulodwa.....R_____
Amasaka awu8 okudla.....R_____
Imithi yokugoma.....R_____
Ugesi/igesi.....R_____
Izimvuthu zamapulangwe.....R_____
Okokuthutha.....R_____
Amathuluzi okuhlanza.....R_____
Imithi yokubulala amagciwane..R_____
Isamba.....R_____



Uzowatholaphi amachwane anosuku olulodwa nokudla kwano na?
Ubani ozokuthuthela izidingo zokusebenza? Camachwane no kudla?



Directorate of Agricultural Development Support Services, Quarry Centre, Hilton.

Umnyango Wezolimo Nezemveb
Departement van Landbou en Omgewngsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

UKUPHATHWA KWEBHIZINISI LEZINKUKHU ZENYAMA

Izinkukhu zizophepha emaseleni?



Ubani ozonakekela lomsebenzi ezidingweni zansuku zonke na?



Ubani ozogcina amabhuku omsebenzi na?

Directorate of Agricultural Development Support Services, Quarry Centre, Hilton.

ISIMO SEZINDLU EZINGASETSHENZISWA EKUKHIQIZENI IZINKUKHU ZENYAMA

Izinhlobo zezindlu ezikulungele ukukhiqizwa kwezinkukhu zenyama.







Izindlu eziyizindilinga noma orawondi zingasetsbenziswa, kuqaphwe lokhu okulandelayo:



- Urawondi ukuvundla kwayo okungamamitha amane, kungagcinwa izinkukhu ezingaphezu kuka 100.
- Izindonga zikhonkiwe ngaphakathi.
- Amafasitela awu 1m ngo 1m noma ngaphezulu (ukuheleza komoya).
- Uphahla lujwayelwe ukuhlanzwa ngezibulali magciwane.
- Izinsimbi zokuvikela zishiselwe emnyango.

Izimfuneko uma kwakhiwa urawondi omusha:

- Okungenani amafasitela amabili(awu1mx1m noma ngaphezulu) afakwe ucingo.
- Izindonga zikhonkwe ngaphakathi.
- Iphansi likhonkwe ngokubushelelezi, kwehlele kuya ngasemnyango.
- Kube nendawana encane ekhonkiwe phambi komnyango.

Directorate of Agricultural Development Support Services, Quarry Centre, Hilton.

Umnyango Wezolimo Nezemvelo
Departement van Landbou en Omgewingsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

UKWAKHA INDLU YEZINKUKHU ZENYAMA

Isiza esifanelekile kumele sibe nalokhu okulandelayo:

Ukutholakala kwamanzi anele futhi ahlanzehile.
Ukuheleza komoya okukahle.
Sibe sethafeni hayi esigodini.
Sivumele isakhiwo ukuthi ubude bendlu bube sempumalanga yentshobalanga.
Izindluzyezinkukhu mazigqagqane noma zehlukane mhlambe ngamamitha angu 30, kwenye nenye.
Zibe sendaweni lapho kufinyelela khona abathungisi nabathongi.



Indawo edingwa izinkukhu ezingu 10 ingu 1m^2, ngakhoke:

Ezingu100 zidinga u10m^2 isibonelo 2x5m.

Ezingu200 zidinga 20m^2
Ezingu300 zidinga 30m^2
Ezingu400 zidinga 40m^2
Ezingu500 zidinga 50m^2



Iphansi kumele
- Libe bushelelezi
- Likhonkwe
- Lehlele kuya ngasemnyango



South West Region
Directorate of Agricultural Development Support Services, Quarry Centre, Hilton.

Umnyango Wezolimo Nezemveb
Departement van Landbou en Omgewngsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

UKWAKHIWA KWENDLU YEZINKUKHU ZENYAMA

Izindonga kumele:

- Zibe bushelelezi (zikhonkwe) ngaphakathi.
- Kube u 2,5m kusukela phansi ngaphambili bese kuba u2,0m ngemuva.

Kungavalwa isikhala esiphakathi kwezindo nga nophahla ngowaya noma.

Izindonga ezisemaceleni kumele ziqine.

Amakhethini kumele axhunywe lapho kuphela khona uwaya ngezansi.



Uphahla lona kumele:

- Malube nokwehlela futhi lungavuzi.
- Kumelelube nekhethini noma useyili elingango 0.5m kuya ku 1m ngaphambili nangemuva.
- Emaceleni kumele libenekhethini / useyili ngango 0.5m.
- Uma kufulelwe ngo asbhestasi noma uthayela, kumele.

Sebenzisa uthayela, ubhestasi noma utshani.



Directorate of Agricultural Development Support Services, Quarry Centre, Hilton.

Umnyango Wezolimo Nezemvelo
Departement van Landbou en Omgewingsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

UKUHLELA ISIKHATHI SOKUMELE KWENZIWE

Amathuluzi kumele athengwe kusenesikhathi
Iziboniso:

- Umshanelo oyisikorobho, ibhakede, ifosholo, ihhala, ispedi kanye nebhala.
- Imithi yokuhlanza.
- Izibulali magciwane ezisemthethweni noma ushibhoshi.
- Ama feed trays (okungamathileyi okudlela amachwane) nama tube feeders (okudlela izinkukhu ezindala).
- Izitsha zamanzi zokuphuzela.
- Ithangi lamanzi.

Emasontweni amane ngaphambi kokufika kwamachwane:

- Faka i-oda lamachwane.
- Thenga izimvuthu zamapulangwe.

Ngezinkukhu ezingu 100thenga:

- Amathileyi okudlela awu2 nama tube feeders awu3.
- Izitsha zokuphuzela eziwu2 ezingo4l sisinye nezitsha zokuphuzela ezingo 10lsisinye zibe wu2.
- Amasaka amabili ezinkukhu ezisencane (starter).
- Amasaka adliwa ezinkukhu ezisakhula finisher food.
- Isaka lezinkukhu esezikhule ngokwanele.

Hlanza indlu bese usebenzisa nezibulali magciwane ezisemthethweni noma ushibhoshi.

Umnyango Wezolimo Nezemveb
Departement van Landbou en Omgewngsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

UKUHLELA ISIKHATHI SOKUMELE KWENZIWE

Esontweni elilodwa ngaphambi kokufika kwamachwane:

- Enza unqenqema lube (30cm ukuphakama lube u43cm ububanzi ezinkukhwini eziwu100).
- Misa isifudumashi.
- Vuvuzela izimvuthu zamapulangwe ngaphakathi konqenqema noma / imvukuvuku.



Osukwini olulodwa phambi kokufika kwamachwane.

- Thenga imishanguzo nemijovo enjenge:
  - ND I nkukhu ye Nyukhasela
  - Amavithamini okukhahlamezeka
  - GUMBORO broilers yesifo iGumboro

  Zigome ngokohlelo lokugama oluhleliwe.
- Khanyisa isifudumotisi.
- Faka amanzi ezitsheni zokuphuzela uwabeke endaweni lapho ezokwazi ukuba sezingeni lokushisa kwendlu.



Directorate of Agricultural Development Support Services, Quarry Centre, Hilton.

Umnyango Wezolimo Nezemveb
Departement van Landbou en Omgewingsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

UKUHLELA ISIKHATHI SOKUMELE KWENZIWE

Usuku lokuqala: Ayafika amachwane.

- Lungisa unqenqema lulingane ndawo zonke.
- Khipha amachwane, wabheke bese ukhipa lawo alimele noma afile.
- Faka amavitamini emanzini ezinsukwini ezintathu zokuqala.
- Khuthaza ukuba amachwane aphuze amanzi ngaphambi kokuba adle.
- Waphe ukudla emuva kwamahora awu2 efikile.
- Izingalokushisa onqenqemeni kumele lube u 28^0C.



Osukwini lwesibili.

- Phakela amachwane ukudla okwanele namanzi ahlanzekile njalo ekuseni nantambama.
- Buka ukuziphatha kwamachwane.
- Lungisa izinga lesifudumalisa kanye namakhethi (useyili) ngendlela ezogcina izinga lokushisa lisezingeni elidingekayo.
- Thatha amachwane afile uwagqibe.



UKUHLELA ISIKHATHI SOKUMELE KWENZIWE

Isonto lesibili (2):

- Susa unqenqema emva kwezinsuku eziwu 7.
- Nezela ngemvukumvuku yezabelo zamapulangwe ezihlanzekile.
- Esikhundleni samathileyi okudla faka amatube feeders kanye nezitsha zamanzi ezinkulu.
- Izinga lokushisa kumele libe u 25ºC.
- Goma amachwane ezinsukwini ezingu 10 efikile nge ND Inkukhu yeNyukhasela, ukuzivikela esifweni inyukhasela.
- Goma amachwane ezinsukwini ezingu 14 nge Gumboro Broilers ukuvikela isifo iGumboro.

Isinto lesithathu (3):

- Goma izinkukhu ezinsukwini ezingu 18 ngomgomo iGumboro Broilers
- Qalisa uziphe iBroiler finisher esikhundleni se Starter Feed

Isonto lesine (4):

- Ziphakele I Finisher kuphela.
- Izinga lokushisa malibe ku 22ºC.
- Goma izinkukhu futhi ezinsukwini ezingu 22kuya ku24 nge ND Inkukhu ye Nyukhasela.

Umnyango Wezolimo Nezemveb
Departement van Landbou en Omgewngsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

UKUHLELA ISIKHATHI SOKUMELE KWENZIWE

Isonto lesihlanu (5):

- Qhubeka nomsebenzi wansuku zonke njengoku:
  - kuphakela
  - qaphelisisa
  - ukugcinwa kwamabhuku omsebenzi
- Azisa abantu ukuthi izinkukhu zenyama zizotholakala esontweni elilodwa elilandelayo.



Isonto lesithupa (6):

- Izinkukhu zenyama sezilungele ukudayiswa.
- Qiniseka ukuthi ukudla namanzi okwanele kuyatholakala.
- Yenza i-oda lamachwane lomjikelezo omusha.
- Thenga imvuthu yamapulangwe lomjikelezo omusha.
- Qala udayise.
- Zama ukuthi udayise zonke iznkukhu ngaphambi kwesonto lika 7 ngoba emva kwesonto lika 7 intengo yokudla izokhuphuka kwezinkukhu kakhulu.





Directorate of Agricultural Development Support Services, Quarry Centre, Hilton.

Umnyango Wezolimo Nezemveb
Departement van Landbou en Omgewngsake
Department of Agriculture and Environmental Affairs
KWAZULU-NATAL

UKUHLELA ISIKHATHI SOKUMELE KWENZIWE

Isonto lesishagalombili (8):

- Khipha zonke izinkukhu endlini.
- Hlanza indlu ufake nezibulala magciwane ezisemthethweni noma ngoshibhoshi.
- Indlu kufanele ingasebenziswa noma okungenani amasonto amabili (isonto 8 no 9).

Isonto leshumi (10):
(usuku lokuqala emjikelezeni omusha)

- Lungisa unqenqema ngaphambi kokuba kufike amachwane amasha.
- Ukufika kwamachwane amasha.

Directorate of Agricultural Development Support Services, Quarry Centre, Hilton.

Physical Address
01 Cedara Road
Pietermaritzburg
3200

Postal Address
KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059
Pietermaritzburg
3200
Tel: 033 355 9100/Fax: 033 355 9122
Toll-Free: 0800 000 996
Email: callcentre.agriculture@kzndard.gov.za
Internet: kzndard.gov.za
Intranet: http://home.kzndard.gov.za

KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development

@KZNDARD